



IMPI NOMBUTHO WEZOMOYA KANKULUNKULU

(ABALINDI)

Ngokuka Tony Alamo



Isithombe sabefundisi uTony noSusan Alamo ohlelweni lukamabonakude oluthinta izizwe ezahlukene ezithathwe ngo 1973

Inceku kamprofethi u-Elisha isivukile ekuseni, yabona ukuthi impi yama-Siriya yayiwukakile umuzi lapho babekhona yena no-Elisha. Ngokwethuka, yathi ku-Elisha, "Maye, nkosi! Sesiyakwenze njani? [Ngamanye amazwi, sesizophuma kanjani kulobubunzima sisaphila? U-Elisha wathi encekwini yakhe.] Ungesabi: ngokuba abanathi baningi kunabanabo. U-Elisha wakhuleka [kuNKU-LUNKULU], NKOSI, ngiyakhuleka KUWE, vula amehlo akhe, ukuze abone. INKOSI yavula amehlo ensizwa; yabona: bheka intaba yayigcwele amahhashi nezinqola zomlilo nxazonke zakhe u-Elisha" (2 AmaKhosi 6:15-17).

Yona leyompi noma lelobandla lika-JEHOVA uElisha owacela ukuba uJE-HOVA alibonise inceku yakhe, ilona lelobandla likaJEHOVA elawisa phansi ugange lwaseJeriko (UJoshua 6:20). UJoshua wahlangana nesikhulu sebandla likaJEHOVA ngalendlela: "Kwathi uJoshua esengase Jeriko, waphakamisa amehlo akhe, wabona, bheka, nanso indoda malungana naye inenkemba YAYO ihoshiwe esandleni SAYO, uJoshua waya KUYO, wathi KUYO, "Uvuna thina noma izitha zethu

na?" Yathi, CHA; NGIFIKILE NJENGE-SIKHULU SEBANDLA LIKAJEHOVA [uJESU Obekhona ngaphambi kokwehlikela emhlabeni]. UJoshua wayesewa ngobuso emhlabathini, wakhuleka, wathi KUYO: Ithini iNKOSI yami encekwini YAYO na? ISIKHULU sebandla likaJEHOVA sathi kuJoshua: Khumula isicathulo sakho onyaweni lwakho, ngokuba indawo omi kuyo Ingcwelo. UJoshua wenze njalo-ke.

"Amasango eJeriko ayevaliwe ngenxa yabantwana bakwa-Israyeli, kwakungaphumi-muntu, kungangeni-muntu. [Lokhu kwakungenxa yokuthi babazi ukuthi uJehova wabe ekanye noIsrayeli, bazi futhi ukuthi wayezobabhubhisa.] UJehova wathi kuJoshua; "Bheka, ngingikele esandleni sakho iJeriko ne-

nkosi yalo, namaqhawe anamandla. Niyakuhaqa umuzi, onke amadoda empi, niwuzungeze umuzi kanye. Uyakwenze njalo izinsuku eziyisithupha. [Lokhu kwakungokoku-dida umqondo wabantu abanezono baseJeriko ngaphambi kokuthi babhujiswe baqothwe nya.] Abapristi abayisikhombisa bayakuthwala amacilongo ezimpondo zenqama ayisikhombisa: ngosuku lwasikhombisa

niyakuwuzungeza umuzi kasikhombisa, abapristi babethe amacilongo. Kuyakuthi lapho bekhalisa kade icilongo lophondo lwenqama, nalapho nilizwa izwi lecilongo, bonke abantu bakhamuluke ngokukhamuluka okukhulu, ugange lomuzi luwele phansi endaweni yalo. [Lokhu kuyokwensiwa isandla sebandla likaJehova esingabonakaliyo], abantu bakhuphuke, yilovo nalowo aqonde phambili nje.

"UJoshua indodana kaNuni wabiza abapristi, wathi kubo: Phakamisani umphongolo wesivumelwano, abapristi [bamaJuda] abayisikhombisa bathwale amacilongo ophondo lwenqama ayisikhombisa phambi komphongolo kaJEHOVA. Kubantu wathi: Dlulani,

(Kuyaqhubeke ekhasini 2)

IMPI NOMBUTHO WEZOMOYA KANKULUNKULU (ABALINDI)

(Kuyaqhube ka ekhasini 1)

niwuzungeze umuzi, abahlomileyo badlule phambi komphongolo kaJEHOVA. Kwathi lapho uJoshua esekhulimile kubantu abapristi [bamajuda] abayisikhombisa bethwele amacilongo ophondo lwenqama ayisikhombisa, phambi kukaJEHOVA badlula, babetha amacilongo, umphongolo wesivumelwano kaJEHOVA wabalandela. Abahlomileyo bahamba phambi kwaba pristi ababeta amacilongo, nesigaba sasemava sawulandela umphongolo, babetha amacilongo besahamba. UJoshua wayala abantu, wathi: Aniyakukhamuluka, ningalizwakalisi izwi lenu, kungaphumi gama emlonyeni wenu, kuze kufike usuku engiyakuthi ngalo kini: khamulukani; bese nikhamuluka.

"Wayesenza ukuba umphongolo kaJEHOVA uzungeze umuzi, wawuhaqa kanye: base befika ekamu, balala ubusuku ekamu. UJoshua wavuka ekuseni kakhlulu, abapristi bathatha umphongolo kaJEHOVA. Abapristi abayisikhombisa bethwele amacilongo ophondo lwenqama ayisikhombisa phambi komphongolo kaJEHOVA, babetha amacilongo besahamba. Ngosuku lwasibili bawuzungeza umuzi kanye, babuyela ekamu, benzenjalo izinsuku eziyisithupha.

"Kwathi ngosuku lwasikhombisa bavuka ukuntwela kokusa, bawuzungeza umuzi ngandlelanye kasikhombisa; ngalolosuku kuphela bawuzungeza umuzi kasikhombisa. Kwathi ngokwesikhombisa abapristi sebebophile amacilongo, uJoshua wathi kubantu: Khamulukani, ngokuba uJehova uninikile umuzi. Umuzi uyakwahlukanisela uJEHOVA, wona nakhonke okukuwo: uRahabi isifebe kuphela uyakusinda, yena nabo bonke abakuye endlini, ngokuba wazithukusa izithunywa esazithumayo. Kodwa zigcineni nina kukho okuqalekisiweyo, funa lapho seniqalekisile nithathe kukho okuqalekisiweyo, nilenze ikamu libe eliqalekisiweyo, nilihluphe. Kepha lonke siliva, negolide nezitsha zethusi nezin-

simbi kungcwele kuJEHOVA; kuyakunga endlini yengcebo kaJEHOVA.

"Abantu base bekhamuluka, amacilongo abethwa; kwathi lapho abantu bezwa ukukhala kwecilongo, abantu bakhamuluka ngokukhamuluka okukhulu, ugange lwawela phansi endaweni yalo [lokho kwenziwa ibandla likaJEHOVA kanye neSIKHULU sebandla likaJEHOVA], abantu benyukela emzini, yilovo nalowo waqonda phambili nje, bawuthatha umuzi" (UJoshua 5:13-6:20).

Encwadini ka-Enoke, umprofethi omkhulu u-Enoke ukhuluma ngabalindi. Abalindi laba bayizingelosi zikaNKULUNKULU, futhi bayibandla likaNKULUNKULU laseZulwini. Kwesinye isikhati kuthiwa bayizingelosi ezisibekelayo futhi ezibhekayo zabantu abangcwele bakaNKULUNKULU lapha emhlabeni.

Kukhona izingelosi ezimbi, futhi kukhona nezingelosi ezinhle. IsAmbulo 12:4 siyasho ukuthi ingxenyeyodwa kwezintathu yalezingelosi—bekungezimbi—zaphonswa ngaphandle kweZulu kanye nomholi wazo, uSathane uqobo lwakhe (NgokukaLuka 10:18). Kodwa khumbula, izingxenyezimbili kwezintathu—ezinhle—zasala ekumkhonzeni uNkulunkulu. Izingelosi ezimbi, ingxenyeyodwa kwezintathu, akusiko nje ukuthi zimbi, kodwa zonakele kakhulu.

IsAmbulo 12:3 sithi, "Kwabonakala esinye isibonakaliso eZulwini; bheka nango udrako omkhulu obomvu [udeveli] enamakhanda ayisikhombisa..." "Amakhanda ayisikhombisa yizintaba eziyisikhombisa [zaseRoma, eNtalyane], lapho kuhleli khona owesifazane" (IsAmbulo 17:9). Lona owesifazane unguumprofethi wamanga, ibandla lamanga, inkolo-ze, ikhanda lesilo okuyiSigodlo (i-Vatican), AmaRoma AmaKhatholika, ongqingili, ibandla elihlukumeza abantwana.

IsAmbulo 12:3 siyaqhube ka sithi, lamakhanda ayisikhombisa anezimpondo ezilishumi. Lezizimpondo ezilishumi zimele izizwe ezilishumi zase-Europe ezinikezela ngamandla azo eSigodlwani saseRoma (i-U.N., Izizwe Ezihangene, Uhlelo Olusha Lomhlaba) okwesikhasha (isizwe sokugcina okuyizwe lamaGriki), asezihanganise Nohlelo Olusha

Lomhlaba lukaSathane, noma umbuso owodwa womhlaba. "...Nemiqhele eyisikhombisa phezu kwamakhanda akhe [lemiqhele eyisikhombisa imele Uhlelo Olusha Lomhlaba lukaSathane ebusa okwesikhasha phezu kwezizwe (continents) eziyisikhombisa, noma ngamanye amazi, emhlabeni wonke]."¹

"Umsila wakhe wadonsa ingxenyeyodwa kwezintathu yezinkanyezi zase-Zulwini [Izinkanyezi izingelosi ezingcolile.² IsAmbulo 1:20 siveza ukuthi izinkanyezi zimele izingelosi], futhi [udrako, uSathane] waphonsa [ingxenyeyodwa kwezintathu yezingelosi ezonakele futhi ezimbi] emhlabeni: nodrako [udeveli] wama phambi kowesifazane [owayenezinkanyezi eziyishumi nambili phezu komqhele wakhe. Lona (owesifazane) uMakoti kaKRISTU, iJerusalem Elisha okunguMZIMBA kaKRISTU lapha emhlabeni, uIsrayeli weqiniso, labo abangamaKristu, hayi AmaKhatholika, abavela kwabakhethiweyo bakaNKULUNKULU, amajuda. Manje uNKULUNKULU usevulele insindiso kubantu bezizwe zonke abayokwamukela uKRISTU njengensindiso yabo]" (IsAmbulo 12:4).

IsAmbulo 12:4 sibeka ukuthi lona wesifazane (uMZIMBA kaKRISTU) wayeselungele ukubeletha umntwana, okunguKRISTU. Lokhu kusibuyisela isithombe ngesikhathi uSathane, ngeNkosi uHerodi nempi yakhe, bema phambi kuka-Israyeli ukubhubhisa uKRISTU ekuzalweni KWAKHE futhi/noma sekudlule iminyaka emibili,³ ngoba uKRISTU wabe futhi usenguye uMBUSI wababusi kanye neNKOSSI yamakhosi, uMSINDISI womhlaba, Yena oyakubhubhisa imisebenzi kaSathane ngokusindisa imiphefumulo yabo bonke abayakuMamukela njengoMSINDISI negunya.⁴ AbaseKolose 2:15 bathi uKRISTU, "ebaphucile ababusi nabamanndla izikhali... wabathela ngehlazo obala, ebanqoba ngaso".

Lezi izinsuku zokugcina.⁵ Umhlaba ugcwele impi kaJEHOVA, umkhathi ugcwele umbutho wezomoya kaNKULUNKULU. Lawama-UFOs asebonwe yizigidi zabantu emhlabeni wonke. Ngokuba abantu bomhlaba abazi ngeZWI likaNKULUNKULU, bakhola ukuhi ama-UFOs ayizidalwa zakweminye

¹ Dan. 2:40, 7:19-25, IsAmb.13:2-8, isahl. 17, 18:2-24 ² Isaya 14:12-17, Math. 25:41, Luk. 10:18, 2 Petr. 2:4, Juda 6, IsAmb. 12:3-4, 7-9 ³ Math. 2:1-18 ⁴ Dan. 7:13-14, 1 Thim. 6:14-16, Heb. 2:14-15, 1 Joh. 3:8, 4:14-15, IsAmb. 17:14, 19:16 ⁵ Math. isahl. 24

imihlaba(ama-planets). Uma silazi iB-hayibheli, siyazi ukuthi bakhohliswe kanjani abantu bomhlaba, ngokuba "lamasoso andizayo," ngokujwayelekile abizwa ngama-UFO, awaveli kweminye imihlaba. Anga "balindi," izingelosi zi-kaNKULUNKULU, abahlolisisa umhlabba ngaphambi kokuba uKRISTU abuye futhi emhlabeni. Abalindi balungela uk-waHlulelw.

IsAmbulo 16:1 sithi, "Ngase ngizwa izwi elikhulu livela ethempelini, futhi kuzo izingelosi eziyisikhombisa, Hambani nithululele emhlabeni izitsha eziyisikhombisa zolaka lukaNKULUNKULU." KuDaniyeli 4:13, "Umlindi [ingelosi] kanye noNgcwele behla eZulwini" beletha ukwahlulela kukaNKULUNKULU phezu kweNkosi uNebukadinesari oway-enempakamo, owathi kuDaniyeli 4:30 "Angithi ileliBabele elikhulu engilakhile libe-yindlu yobukhosi ngezikhwepha zamandla ami [esikhundleni samandla kaNkulunkulu], libe ludumo lobukhosibami, na [Esikhundleni sobukhosibukaNkulunkulu]?"

Nakhu ukwahlulela kukaNKULUNKULU kwanikezwa umlindi kubhekiswe eNkosini uNebukadinesari: Ngeskathi izwi [lisase] mlonyeni weNkosi enempakamo, kwehla eZulwini izwi, lithi, We nkosi Nebukadinesari, kukhulunyiwe kuwe ukuthi; Umbuso usukile kuwe. Futhi bona [abalindi] bayakukuxosha kabantu, inhlalo yakho ibe nezilwane zasendle, udliswe utshani njengezinkabi, kudlule phezu kwakho izikhathi eziyisikhombisa, uze

wazi ukuthi oPHEZUKONKE ubusa imibuso yabantu, Ayinike amthandayo. Ngaso lesosikhathi lento yagcwaliseka phezu kukaNebukadinesari: waxoshwa kubantu, wadliswa utshani njengenkabi, umzimba wakhe wamanziswa amazolo ezulu, zaze zakhula izinwele zakhe njengezimpaphe zezinkozi nezinzipho zakhe njengamazipho ezinyoni" (UDaniyeli 4:31-33).

KuJeremiya 4:16 UJehova uthi kuJeremiya, "Khumbuzani izizwe; bhekani, nizwakalise eJerusalema ukuthi, abalindi abaphuma ezweni elikude, baliphakamisa izwi labo ngakuyo imizi yakwa-Juda." Sekubekhona intukuthelo enkuleni emizini yakwaJuda. Lokhu kungenxa yokuthi basamphika uJESU njengoME-SIYA wabo kuze kube namhlanje.

Ngiyakholwa ukuthi cishe bonke abantu emhlabeni bakujwayele ukubonakala kwama-UFO (izinto ezindizayo kodwa ezingabonakali) os-ekwenzeke izigidi zezikhathi, kodwa akusiwo ama-UFOs. Ngabalindi noma izingelosi zikaNKULUNKULU zihlola umhlabba ngalezizinsuku zokugcina ngaphambi kokwahlulela kukaNKULUNKULU, ukuphela komhlaba, ukuphela kwesikhathi. Emseni kaNKULUNKULU, Uvumela wonke umuntu ukuba abone amakhulukhulu eziprefetho zomhlaba zesikhathi sokugcina, izibonakaliso, kanye nezimangaliso ezifana nabo abalindi, izingelosi zikaNKULUNKULU, zihlola umhlabba ngalokhu abakubiza "ngamasoso andizayo (flying saucers)" ngaphambi

kokuba ubhujiswe (umhlabba). Incwadi kaJoweli iprofetha lokhu,⁶ njengalokhu enza uMpostoli uPetro encwadini yeZenzo: "Kuyakuthi ngezinsuku zokuphela, kusho uJEHOVA, Ngithululele uMOYA WAMI phezu kwayo yonke inyama: amadodana enu kanye namadodakazi enu ayakuprefetha, abasha benu babone imibono, bese kuthi abadala benu baphuphe amaphupho: Ezincekwini Zami nasezincekukazini Zami ngiyakuthululela uMOYA WAMI ngalezozinsuku; bayakuprefetha: Ngiyakuveza izimangaliso ezulwini phezulu, nezibonakaliso emhlabeni phansi; igazi, nomlilo, nokuthunqa komusi: Ilanga liyakuphenduka ubumnyama, inyanga ibe yigazi, lungakafiki usuku olukhulu nolugqamileyo IweNKOSI: Kuyakuthi, yilovo nalowo obiza igma leNKOSI uyakusindiswa" (IzEnzo 2:17-21).

Abalindi, okuyizingelosi zaseZulwini, nathi thina esingamaKristu, (hayi AmaKhatholika), sihlobene ngokuthi sonke sidalwe nguNKULUNKULU. UNKULUNKULU wadala izingelosi, wayes-edala nathi. Kukhona abantu abalungile, kanye nabantu abakhohlakele, ngoba sibayingcosana abagcina imiyalo kaNKULUNKULU.⁷ 1 kaJohane 2:3-4: "Ngalokho siyazi ukuthi siyamazi YENA, uma sigcina imiyalo YAKHE. Lowo othi, ngiyaMazi, engacini imiyalo YAKHE, unguqmabimanga, iqiniso alikho kuye."

Abanye abantu bayachoma ngokuthi bathanda iNKOSI. Kodwa, ekuphileni kwabo kwemihla ngemihla, abaphenduli obizweni lukaNKULUNKULU, kodwa baziba izwi LAKHE. Abanye bathi bayayithanda iNKOSI uma imizwa yabo ijabulile kuphela. Isibonelo, uma befisa, ukubuka ifilimu noma uhlelo kumabonakude, ezemidlalo, noma umculo, kube nomuzwa ongabavumeli ukuthi bahambe, kodwa bahambe noma kunjalo. Bayazi ukuthi akumele benze izono ezinkulu, kodwa abanandaba nalokhu abakubona kuyizinto ezincane. Uma bekhuleka ezinkonzeni, baze bafakaze bathi bathintwe UMOYA weNKOSI. Banigi abazibiza ngamaKRISTU abanje. Empeleni, ukuthanda iNKOSI

(Kuyaqhubeke ekhasini 4)

⁶ Joweli 2:28-32 ⁷ Math. 7:13-14, 21-23, Luk. 13:23-30

⁸ Math. 7:21-23, isahl. 25

Okuvela Emkhulekweni Wethu Wamahora awu 24 kanye Nocingo Lwemininingwane

Umfundisi uWilimena Thomas (eLauderdale Lake, FL) wathola iphasela lakhe. Bonke abesifazane ababeseqoqweni lakhe lokufunda ngeBhayibheli bahlala phansi bafunda "Impi noMbutho Wezomoya kaNkulunkulu." Wathi bafunda okuningi kulencwadi uma uqhathanisa nabo bonke abefundisi abake babalalela eminyakeni eminingi (base ben-esikhashana bengabalaleli). Bonke bayazithokozela izincwadi nokulalela ama CDs. Bathi akekho umuntu ohlahlela izinto njengoTony. Wathi ucela siqhubeke nokuthumela ama CDs nezincwadi. Bafuna sazi ukuthi bayahlangana babe nemikhuleko, futhi bayamkhulekela uTony nebandala. Waphinda wacela ukuba ahlale aziswa ngezincwadi kanye nama CDs. Waphinda wacela ukuba ibandla likhulekele abazukulu bakhe abathathu abasalahlekile, asebefakazelwe iminyaka.

IMPI NOMBUTHO WEZOMOYA KANKULUNKULU (ABALINDI)

(Kuyaqhubeke ekhasini 3)

ngaloluhlobo kuyize.⁸

Udadewethu othile angashisekela iNKOSI uthole ukuthi udlula abafowethu abayishumi behlangene. Uma ekhuluma ngokuthanda iNKOSI, labo abamlalele bangathinteka baze bakhale. Okumangalisayo, ukuthi-ke, uma loddadewethu ethukuthela, akekho okwazi ukumvimba. Ukuphila ngokwemvelo kuwukuphila okungelona iqiniso (ukuphila okungesikho okukaNkulunkulu). Ngelinye ilanga, konke lokhu okuwukuphila kwemvelo kuyohlephuka kube yizicucu. Kumele sithintwe nguNKULUNKULU ngokweqiniso ukuze sibone ukuthi ukushisekela kwethu, ukuzenza kwethu, noma ugqozi lokuzenzisa, uthando lwethu lweNkosi lokuzenzisa, ukukhonza kwethu iNkosi kokuzenzisa konke kuyimvelo akunabo ubuNkulunkulu, akusilo iqiniso. Nanoma ngabe ukubekelala okungakanani noma sinama-layer amangaki ezindonga zensimbi nethusi, nanoma ngabe isango langaphandle, laphakathi nendawo, noma elangaphakathi, onke kumelwe avulwe, ngalinye ngalinye, eNKOSINI, ngokukaMOYA ongaphakathi. Siyobe sesibona ukuthi ezindleleni zethu zokukhombisa intshisekelo nogqozi, ngeke size siybione INKOSI UQOBO LWAYO. Kuphela uma

sinyakaziswa noma sithintwa iNkosi kuze kube ukuthi Iyakhululwa kusukela ngaphakathi kithi, siyakuthela izithelo eziningi, njengoba kushiwo Ngokukahane 15:2. Izithelo ezihlahleni zivela ekuphileni okungaphakathi.

Manje, abantu abahlobene nezingelosi ezimbi bangabantu ababi. Kodwa khumbula, ziningi izingelosi ezinobuNKULUNKULU kunezingalungile. U-Elisha wabonisa inceku yakhe ngesikhathi impi yamaSiriya ibazungezile. U-Elisha wacela ukuba uJEHOVA avule amehlo enceku yakhe ibone ukuthi baningi abangakuye no-Elisha kunalabo abanamaSiriya. Uma esekwenzile, "Bheka intaba yayigcwele amahhashi nezinqola zomlilo [ibutho likaNKULUNKULU] nxazonke zakhe u-Elisha [kanye nenceku yakhe]," nengamabutho ombuso kaNKULUNKULU, kukanjalo nanamuhla abalindi basizungezile futhi basivikele, baqapha yonke into abantu abayishoyo nabayenzayo emhlaben (2 AmaKhosi 6:17). Lokhu kwenzeka ngabalindi bakajeHOVA yonke indawo emazulwini ngamasoso andizayo (flying saucers) kanye nabalindi emhlaben—impi nombutho wezomoya kaJEHOVA.⁹

Sekufikile isikhathi lapho abantu bonke emhlaben kufanele baphenduke ezonweni zabo futhi bafune uNKULUNKULU ngayo yonke inhliziyo yabo, nangawo wonke umphemfumulo wabo, nangayo yonke ingqondo yabo, nangawo wonke amandla abo, yilovo

umyalo wokuqala nobaluleke kakhulu.¹⁰ Masinyane isibhakabhaka sasempumalanga siyakugcwaliswa ngesibonakaliso seNDODANA yoMUNTU. Maningi amavesi akhuluma ngalokhu. Elinye lisesahlukweni samashumi amabili nane kuMathewu. Elinye lisesahlukweni sesibili ku-Isaya. Elinye futhi lisesahlukweni sesithupha kwiSambulo.

NgokukaMathewu 24:30-51 uthi, "Khona kuyakubonakala eZulwini isibonakaliso seNDODANA yoMUNTU, bese zikhala izizwe zomhlabo, zibone iNDODANA yoMUNTU iza emafwini ezulu, inamandla nenkazimulo enkulu. Iyakuthuma izingelosi ZAYO [ibutho likaNKULUNKULU, abalindi] ngokukhala okukhulu kwecilongo ziqaqe abakhethiweyo BAYO emimoyeni emine, kusukela emkhawulweni omunye wezulu kuze kube komunye. Manje fundani umfanekiso emkhiwaneni; Nxa igatsha lawo selithamba, lihlume amaqabunga, niyazi ukuthi ihlobo selise-

¹⁰ Dut. 4:29, 6:5, 10:12-13, 11:13-14, 13:3-4, 16, 20, 26:16, 30:6, Josh. 22:5, Math. 22:37-40, Mark. 12: 29-31, Luk. 10:27

Peru

(Ihunyushwe olumini lweSpain)

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu, kanye neTony Alamo Ministry,

Ngikwazisela udumo lukaNkulunkulu, sesisebandleni elisha manje. Kungamahora amathathu ukusuka eSullana, eduze nePiura, endaweni ebizwa ngeSechura, lapho kukhona abazalwane abadala abawu 23 kanye nabantwana abawu 33. Sahamba ukuyokwenza umsebenzi wethu, sidlluisa izincwadi zakho indlu ngendlu futhi abanangi bafuna ukuthi baqhubeke bafundiswe. Izolo besihlangane futhi abazalwane abanangi bafikile. Bayemukele iNkosi futhi sesizohlangana kathathu ngesonto. Udumo malube seNkosini. Ujesu ueyeza masinyane.

Andres Chiroque Silva
Tony Alamo Ministry
Sullana, Peru



INKONZO KA-ALAMO EKU-INTANETHI
www.alamoministries.com

⁹ 2 IziKr. 16:9, Zak. 1:7-11, 4:10, 6:1-7, IsAmb.7:1-3,

Kenya

Mfundisi Tony Alamo othandekayo,

Ngiyakubingeleta egameni elinamandla elingaphezu kwamagama wonke, igama leNkosi yethu noMsindisi uJesu Kristu. Nginentokozo yokukubikela ukuthi ngempela siyalithatha idolobha lethu ngezincwadi zika-Alamo osinikeza zona. Sifinylela kubo bonke noma ngabe basindisiwe noma abasindiswanga, kulenyanga eyodwa edlule sibone abantu abayi 15 besindiswa futhi basenkonzwensi. Nangaphezu kwalokho sesiyitholile impahla owayithumela ngomhlaka 21 kuDisemba. Sifuna ukukubonga futhi sisacela ezinye izincwadi kanye namaBhayibheli njengoba edingeka kakhulu. UNkulunkulu akubusise sisaqhubeka sikhuleka kuNkulunkulu ukuba angenelele endabenai kamfundisi wethu, ngoba ngiyazi ukuthi kuyenzeka konke ngemithandazo.

Owakho ekumkhonzeni Yena,
Pastor Dalmas Munoko
Bungoma, Kenya

duze: Kanjalo nani, nxa nibona konke lokhu, yazini ukuthi iseduze, ngasemnyango. Ngiqinisile ngithi kini: Lesisizukulwane asiyikudlula kungakenzeki konke lokhu. Kuyakudlula iZulu nomhlaba, kepha AMAZWI AMI awasoze adlula... Ngokuba njengasemihleni kaNowa, kuyakuba njalo ukufika kweNDODANA yoMUNTU. Ngokuba njengasezinsukwini lezo ezandulele uzamcolo babedla, bephaza, beganwa, bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angena ngalo emkhunjini, abazanga kwaze kwafika uzamcolo, wabakhukhula bonke; kuyakuba njalo ukufika kweNDODANA yoMUNTU... Ngalokho lindani: ngokuba anilazi ihora eyofika ngalo iNKOSI. Kepha anokwazi lokhu ukuthi, uma umninindlu ebewazi umlindo isela eliyakufika ngawo, ubeyakulinda, angavumi ukuba indlu yakhe ifohlwe. Ngalokhu nani hlalani nilungele, ngokuba iNDODANA yoMUNTU iyakufika ngesikhathi eningasicabangyo. Pho, ngubani oyinceku ethembekile neqondayo, inkosi yayo eyimisile phezu kwabendlu yayo, ukuba ibanike ukudla ngesikhathi sakho na? Ibusisiwe leyo nceku, okuyakuthi kufika inkosi yayo, iyifumane yenze njalo. Ngiqinisile ngithi kini: Iyakuyimisa phezu kwakho konke

enakho. Kodwa uma leyo nceku embi ithi enhlizweni yayo, inkosi Yami ilibele, iqale ukushaya izinceku ezikanye nayo, idle, iphuze nezidakwa; Inkosi yaleyo nceku iyakufika ngosuku engayibhekile ngalo, nangehora engalaziyo, iyinqamule kibili, iyimisele isabelo sayo kanye nabazenzisi: kuyakuba khona lapho ukukhala nokugedla amazinyo.”

INKOSI isinika izibonakaliso eziningi, ngalokho uma ulalela ngokunaka, angeke ufumaneko ungalungele. Nangu omunye umbono okumele ugxitise umqondo wakho kuwo, ngokuba lombono uzofezeka masinyane kunalokhu okucabangayo: “Ngase ngibona iZulu livulekile [lesi esinye isibonakaliso sesikhathi sokugcina esivela kuNKULUNKULU], bheka nanto ihashi, elimhlophe; nohlezi phezu kwalo obizwa ngokuthi OTHEMBEKILE noQINISILEYO, uyakwahlulela futhi alwe ngokulunga. Amehlo AKHE angamlangabi omlilo, nasekhandha LAKHE kukhona imiqhele eminingi, Unegama elilotshiweyo, elingaziwa muntu, kodwa NGUYENA KUPHELA. Wembethe ingubo ecwiliswe egazini: futhi igama LAKHE nguLIZWI kaNKULUNKULU. IZIMPI ZASEZULWINI ZAMLANDELA ZIKHWELE AMAHHASHI AMHOPHE [lena iNKOSI nebutho LAYO,

abalindi], zembethelineni elicolekileyo, elimhlophe nelihlanzekileyo. Emlonyeni WAKHE kwaphuma inkemba ebukhali, ukuze Ashaye izizwe ngayo: YENA uyakuzibuso ngentonga yensimbi [iZWI likaNKULUNKULU]: YENA uqobo uyanyathela isikhamo sewayini lentukuthelo yolaka lukaNKULUNKULU UMNINIMANDLA ONKE. Unegama li-lotshiwe engutsheni YAKHE nasehange-ni LAKHE elithi, UMBUSI WABABUSI, NENKOSI YAMAKHOSI [Lona UJESU INKOSI yethu.]” (IsAmbulo 19:11-16).

Manje siphila emizuzwini yokugcina yesikhathi sokugcina. Zonke izibonakaliso zi-la. Uhulumeni woMphikukristu womhlaba owodwa usuyasebenza manje. USEbe lwezokulwa emoyeni lukaNKULUNKULU selusebenze iminyaka; amakhulu ezinkulungwane zabantu bawabonile (amasoso andizayo, abalindi, izingelosi, umbutho kaNKULUNKULU wezomoya wasebukhosini). UPPhapha eRoma uqhosha ngobuhle obumangalisayo boHlelo Olusha Lomhlaba. Kukhona ama-tsunami, ukunyuka kwamagagasi, ukuzamazama komhlaba, izinhlupheko ezahlukene, izifo, ukudidea kwezizwe, ukuhlaselwa, amakhulu eziqalekiso ezahlukene.

(Kuyaqhube ka ekhasini 8)

Ubufakazi buka Steven Wedel

Igama lami nginguSteven Wedel. Ngibe neminyaka ewu 59 ekupheleni kuka-Okthoba, 2012. Ngamukela uKristu njen-gomsindisi wami ngo Novemba 4, 1971. Bengisanda kuqedo iminyaka ewu 18 ngesonto eddlule, ekuqaleni kwalelosonto. Ukuba uKristu ebengangenanga em-pilweni yami ngesikhathi angene ngaso, kwakungenzeka ukuba ufunde ngomlando wami njengesimemezelo sabofile (i-obituary) eminyakeni eddlulile, kunokuba nethuba lokufunda ngobufakazi bamandla kaNkulunkulu okukwazi ukushintsha im-pilo yomuntu obufundayo manje.

Ngesikhathi ngiqeda esikoleni samabanga aphezulu ngentwasahlobo ngo 1971, ngangingenayo intshisekelo yokuqhube ka nemfundu yami ekolishi. Ngangiyi-hippie mbumbulu, ngiphila impilo yokuzenzisa. Ngashaya umgwaqo ngaya eSan Francisco, eCalifornia, ekuqaleni ngahamba

nabangani ngemoto, okulandelayo ngase nighamba ngicela ezimotweni zabantu engingabazi kusuka eSan Francisco kuya eBoulder, eColorado, ngaphinde ngabuyela eCalifornia, kulesikhathi eLos Angeles.

Umama kamngani ebengilokhu nighamba naye wayenendlu enkulu futhi enhle eBeverly Hills. Wasicela ukuba sihla-le naye isikhashana, size sithole umsebenzi kanye nendawo yokuhlala. Indlu yakhe yayinedamu lokubhukuda elikhulu ngaphandle kanye nesisebenzi esasisithenga ezitolo futhi sisiphekela. Kwakuyindawo efana nendawo yokuvakasha owawungayithokozelela, kodwa kwakuyisikhathi esinzima empilweni yami.

Ngazizwa ngaphakathi ngifana nodukile futhi ngingenathemba empilweni yami. Kwakungekho okwakungasusa ukudidea engqondweni yami nasemphefumulweni wami ngencazelo yempilo



Umfowethu uSteven Wedel

kanye nenjongo yempilo. Ngazizwa nighalekile ngaphakathi. Ngangifuna im-pilo enohlonze nencazelo, ekwazi ukusiza abanyo. Ngangikhathazekile ngesimo es-asinxazonke kimi, ukonakala, ukungabiandaba, ubugebengu kanye nokuchitheka kwegazi. Ngangifuna ukuhlala ezweni lokuthula futhi ngangicabanga ukuthi lenhlangano yama-hippie (hippie move-

(Kuyaqhube ka ekhasini 6)

Ubufakazi buka Steven Wedel

(Kuyaqhubeke ekhasini 5)

ment) eCalifornia izonginika enye impen-dulo noma impendulo ehlukile kulem-pilo engizungezile efana nokugijimisa okwegundane. Ngacabanga ukuthi ukub-hema insangu kanye nesinemfu, ukutha-tha ama LCD (izidakamiswa ezishintsha ukucabanga) kanye nezinye izidakamizwa ezakha imicabango yezinto ezingekho, zazingtonika lolulwazi engangilulanga-zelela, ukuze ngithole isizathu sempilo engangiyiphila. Ngangingafuni umsebenzi ozongingenisa ekuseni ngo-9 bese ngiphu-ma ngo-5 ntambama, umuzi onothango oluhle onezinja namakati, nekusasa elin-gayi ndawo. Into eyenziwa izidakamizwa kwaba ukuntshontsha ukusa ekhanda okwakusasele, zangishiya nobuthuntu bengqondo, nokucabanga kancane ekwen-zeni izinto. Ngangithi ngiyahlanya futhi aingabazi ukuthi, ngangihlanya. Kodwa ngangingakhuliswanga ngalendlela.

Ngachitha iminyaka yobuncane kwami ngikhulela phesheya kwezilwandle. Uba-ba wami wayesebenza i-International YMCA eTokyo, eJapani, futhi sasiya en-konzweni yezinhelelo ezahlukahlukene ngokwethembeka njalo ngamaSonto. Ngangifundisiwe ukuthi singamaKristu, ngifundisiwe ngokuba nobuntu, ukusiza abanye. Ngangazi ukuthi uKhisimusi ne-Phasika izikhathi ezibalulekile, zazinge-na lutho oluzihlanganisa noSanta Claus noma i-Easter bunny. Ngangikholwa emoyeni wami, njengalokho abantwana abanigi bekholwa, ukuthi kwakukhona uMdali, uNkulunkulu odale konke, nami ngibaliwe. Ngangifundisiwe ukukholwa kuJesu Kristu njengoMsindisi, kodwa ngangingazi ukuthi uKristu ungebani. Ngangingenawo amandla empilweni yami, ngingakwazi ukungoni, ngempela, uma ngibheka emuva, awekho amasondo engaya kuwo angifundisa ukuthi siyini isono. Ngangingakaze ngizwe itemu "ukuzalwa kabusha ngoMoya" futhi ngangingakaze ngibone abantu bebizelwa e-altar lapho besindiswa kulawo mabandla. Babefile ngokomoya njengami.

Ngangiyokwenza isigaba sesumi nge-sikhathi umndeni wami ubuyela e-Melika. Ngangingasafuni ukufa emoyeni. Nxazonke abantu babe "zimbandakanya (tun-

ing in)" "beshintsha (turning on)" futhi "bephuma (dropping out)." Ngaqala ngafu-na izimpendulo zalemibuzo enganginayo ngaphakathi mayelana nokuphila, ukufa, ingunaphakade, injongo. Ngafunda izinc-wadi zezinkolo zaseMpumalanga, izinkolo ezingaqondeki, izinkolo zamaNdiya awan-gawokudabuka eMelika, abanokuhlakan-pha (philosophies), izincwadi zemibono yabantu nezinqubo zabo, izincwadi zo-bukhomanisi, ukwabelana ngokulingana (socialism), ukuphila kokwamandla akho (capitalism)—yonke into engangay-icabanga. Ngalifunda iBhayibheli, kodwa ngalesosikhathi, ngaphandle kukaMoya kaNkulunkulu ngaphakathi kimi, angiliqondanga. Ngazifundisa ukubongela (chanting), iyoga, ukuhamba ehlathini, ukuhamba ngokucophelela ungazithinti izimbali, ukuze ngisondele kuNkulunkulu. Akukho okwakugcwaliswa isikhala esasin-gaphakathi. Akukho okwakusebenza.

Ngangingazi ngalesosikhathi, kodwa ngiyazi manje, ukuthi kwakuyiNkosi is-ebenza kimi, ingiletha endaweni lapho

eyayizothobisa impakamo yami enenkani, ekumamukeleni Yena njengeNkosi noMsindisi. Wavumela ukuthi iphele yonke imizamo yami. Kungenzeka kungadingeki ukuthi asebenze kanzima kangaka kuwe, kodwa Wabe azi ukuthi iyona kuphela lendlela eyayingangenza ngibuyeleye ezingqondweni zami. Wangivumela ukuba ngize eCalifornia ngenjongo. Wayesebenza kimi, kodwa ngangingakwazi lokho.

EHollywood, eCalifornia, wawungeke wehlele eHollywood Blvd. ibanga eliyizinyathelo eziwu 200 ngaphandle kokuba uhangane nabafakazayo beTony and Susan Alamo Christian Foundation. Babekhona yonke indawo ohamba kuyo. Ngasosonke isikhathi ngizithola ngise Hollywood, uma ngifuna umsebenzi noma ngichitha isikhathi, babekhona yonke indawo besabalalisa izincwadi zeVangeli futhi bemema abantu ukuba beze enkonzwensi esontweni labo.



*Abafowetho
nodadewethu base
Alamo Ministry
beshumayela kabantu
abadala abahlala
ekhaya lezempilo.*

Babegcwele intshisekelo kaNkulunkulu. Bangifakazela ngeNkosi izikhathi eziningi futhi bengimemela esontweni njengabanye abaningi, kodwa nganqaba izimemo zabo izikhathi eziningi. Ngangisagcwele izindlela zami ukuba ngilalele abanye bengitshele ngoJesu. Kodwa izikhathi eziningi, ekuthuleni kwehra lobusuku, uma sekuphele umshikashika wosuku, futhi sengingedwa, iNkosi yayiqala ibuyise lezizinto ebezishiwo yilabazalwane engqondweni, amavesi abangibonise wona eBhayibhelini akhulumna ngezikhathi zokugcina, izinto ezazibonakala nxazonke, amavesi akhuluma ngengunaphakade nangesiHogo ayenzenza ngicabanga ngezinto. Ngakwelinye icala, uSathane wayesangidonsa, kodwa ngaphakathi kimi uNkulunkulu wayesebenza engiphula engiphoqoza.

Ngenye intambama, uNkulunkulu wayeseqedela lokhu akuqalile ngezigameko eziningi. Ngezwa sengathi kukhona okwenzekayo empilweni yami kodwa ngangi ngazi ukuthi yini. Ngazithola ngiseHolywood Blvd, futhi ngalolosuku, ngangningafuni kanye abafowethu nodadewethu basenkonzweni, kodwa ngangizama ukubagwema. Ngahlangana nomunye wodadewethu abafakazayo ekhoneni lomgwaqo, wavele wanginika incwadi yeVangeli futhi wabe esengimemela enkonzweni ngalobobusuku. Ngamnika isizathu esingekho sokungayi, ngathi, "Ngisazocabanga ngalokho akushilo." Waphendula masinyane, wathi, "Kumele ucabangisise ngempela, ngoba kungenzeka kube isikhathi sokugcina lapho uNkulunkulu esenendaba ngawel!" Akukho ayengakusho okwakungangithinta ngaphezu kwalokho. Umcabango nje wokuthi uNkulunkulu angabi nandaba nami wangishaya kabhulungu ukudlula inqwaba yezitini ebussenwi. Lowomcabango wangimisa khimili. Ngangihlanya, kodwa ngangingahlanyi ngokwanele ukuthi ngingazi ukuthi ukushiywa uNkulunkulu, engishiya ngedwa kwabe kuyinto yokugcina engiyifunayo. Lokhu kwangethusa kakhulu. Ngase nglusizi ngokwanele.

Ngahamba ngehla njalo ngoHollywood Blvd, ngase ngikhuphuka ngesitaladi esincane, lapho okwakunemizi eminingi emikhulu futhi enamagceke amakhulu. Ngahlala phansi kwelinje lamagceke, ngalinda kwaze kwacishe kwashaya isikhathi sokuthi ibhasi elithatha abantu abaya

esontweni lihambe, ngehlela lapho ibhasi elalilayishela khona, ngahlala phansi.

Uhambo oluya esontweni eSaugus Iwalulude, kodwa ngazizwa ngisekhaya. Omunye wabafowethu abangamaKristu wakhipha isiginci sakhe wahola abantu bonke abasebhasini ukuba bacule amaculo okholo yonke indlela. Ngazizwa nginokuthula noma ngabe nganginabantu engingabazi ngaleso sikhathi.

Uma sifika esontweni, zonke izihambeli ebezifike ngebhasi, zacelwa ukuba zihlale phansi enkonzweni. Ngangingakaze ngibe senkonzweni efana naleyo ngaphambili, egcwele impilo. Yayingezwakali ikhungethwe wukufa, njengamasonto engike kawavakashela phambilini. Labodadewethu nabafowethu babecula amaculo okholo ngokukhamuluka ngesikhathi senkonzo.

Babephakamisa izandla bedumisa iNkosi. Kwakungathi wonke umuntu enkonzweni ngalobobusuku wayeletha ubufakazi obahlukene balokho uNkulunkulu akwenzile ezimpilweni zabo. Abanye babekade bedla izidakamizwa njengami, abanye babengazidlanga. Abanye babekade beyizigebengu nabakhohlisi, abanye babekade bengomalalepayipini futhi abanye beqhamuka kulabo abanothile ngokuvelele emphakathini. Lababantu babekade besesimweni esifana naleso engangisekusa—ngilusizi futhi ngidukile. Manje basebememezela uKristu njengoMsindisi. Babengasalahlekile, kodwa betholakele. Emphefumulweni wami ngangifisa lokhu ababekusho ngalobobusuku. Ngangifuna leyompilo kodwa nganginge nasiqiniseko ngezinto eziningi, uSathane wayejikijela izigidi ngezigidzi zemicibisholo yokungabaza kimi, okwakuyimizamo yakhe yokugcina yokungivimbela ukuba ngisindiswe. IBhayibheli lithi, "Kholwa yiNkosi uJesu Kristu ukuze usindiswe." Ngesikhathi sekunesimemo sokuya e-altar ukwamukela uJesu, uSathane walahlekelwa into angangibamba ngayo. Ngakholwa yiNkosi uJesu ngalobobusuku, ngaguqa phambi kwebandla ngase ngisindiswe. Makabongwe uNkulunkulu! Mayibongwe iNkosi kuze kube phakade ngokubekezelwa Kwayo kanye nomusa ebe nawo kimi! Ngisindisi!

Ngezwa iNkosi ingena enhliziyweni yami ngalobobusuku futhi ngeke ngiphinde ngyiidedele. Ukuya endlini yokuthandaza emva kwenkonzo, futhi sengazi ngokuq-

inisekile ukuthi uNkulunkulu ukhona eZulwini nokuthi uyanganakekela futhi aphendule imithandazo, kwakuyinto eyangiduduza kakhulu kunakho konke engake ngakuzwa. Inani uKristu alikhokha ngalokhu, kwakuyigazi lakhe. Wafa ukuze thina siphile. Ngalobobusuku wangiyisa endaweni engingasoze ngayikhohlwa. Wanginika ukubhabhadisa ngoMoya Ongcwele emavikini amabili emva kwalokhu. Akukho okunye okwakungangishintsha emva kwalokho, kuthi uNkulunkulu akekho. Uyaphila, futhi Uyaphila kuze kube phakade. Wangisindisa futhi nawe angakusindisa. Sengibone izinkulungwane zabantu zilethwa kuKristu kulenkonzko kusukela ngalesosikhathi. Sengibone abantu abaningi bephulukiswa ngamandla kaNkulunkulu ezifweni nokugula ababenako. Ngibonile izimpilo eziningi ebezonakele (njengeyami) zishintshwa ziphenduka izimpilo ezzinosizo nezithelo. Angeke ngyidayise lempilo yensindiso nanoma ngani umhlaba ongayiletha.

UTony noSusan Alamo ngabantu uNkulunkulu abasebenzisa ukuletha abantu ngezinkulungwane kuyo yonke indawo ukuthola impilo entsha kuKristu. Bakwenza konke lokhu ngokuzinikela. Abakaze bacele muntu ukuba abakhokhele, kuphela ukuthi sikhonze iNkosi. USusan wadlula emhlabeni waya eNkosi ni ngo 1982 kanti uTony yena waqhubeka eVangelini njalo kusukela ngalesosikhathi. Usaqhubeka. Mina, nabanye abaningi, sibonga kakhulu kubo bobabili, hayi kuphela ukuthi babenentshisekelo kaNkulunkulu kubo, ukuba babenofakazi nsuku zonke emigwaqeni ukuze bafinylele kulabo abadinga usizo, kodwa nangokunikela nangendawo lapho abantu abafana nami bengahlala bengcwelisekile, baphile impilo yobungcwele futhi bangatholakali ezintweni zalomhlaba owonakele. Mayibongwe iNkosi!

Uma kungukuthi ufunda lobubufakazi kodwa awukasindisa, ungalindi. UJesu Kristu unguMsindisi wezwe ngempela, futhi angakunika konke okudingayo. Wangisindisa, wanginikeza into engingamemeza ngayo, into engingayiphilela futhi nengingayifela. Angakwenzela nawe. Un galindi. Mcele ukuba angene enhliziyweni yakho namuhla.

Mayibongwe iNkosi,
Steven Wedel

IMPI NOMBUTHO WEZOMOYA KANKULUNKULU (ABALINDI)

(Kuyaqhubeka ekhansi 5)

Kuphakathi kokuthi ulungile noma ukohhlakele.¹¹ Kuphakathi kokuthi uyamukela uKRISTU njengoMSINDISI noma uyaMphika. Khetha YENA manje, ungaze uphellelwie isikhathhi. Ukuphefumula okukodwa, nokushaya kwenhliziyi okukodwa okuphakathi kwakho nengunaphakade.¹² Kuyosiza umphefumulo wakho ukusho lomthandazo. Bese ubhabhadisa, ngokucwilisa emanzini amanangi, egameni likaBABA, neleNDODANA noMOYA OYINGCWELE.¹³ Funda iBhayibhele ngokweNkosi uJames futhi ugcine imiyalelo.¹⁴ Hamba ukumoYA KANKULUNKULU.¹⁵

NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihe phezu komphefumulo wami, umoni.¹⁶ Ngiyakholwa ukuthi UJESU KRISTU uyiNDODANA kaNKULUNKULU ophilayo.¹⁷ Ngiyakholwa ukuthi Wafa esiphambanweni futhi Wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngithethelelwie zonke izono zami engizenze ngaphambilini.¹⁸ Ngiyakholwa ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJESU kwabafleyo ngamandla KAMOYA OYINGCWELE,¹⁹ nokuthi Uhlezi ngak-

wesokunene sikaNKULUNKULU ngalomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.²⁰ Ngivula umnyango wenhliziyi yami futhi ngiyakumema ukuthi ungene enhliziyeweni yami, NKOSI JESU.²¹ Ngihlanze kuzonke izono zami ezingcolile egazini eliyigugu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalivari.²² Angeke ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethelel izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayibheli, lisho njalo.²³ IZWI LAKHO lithi akekho namunye umuntu oyomdikila umlahlele ngaphandle futhi lokhu kubandakanya nami.²⁴ Ngakho-ke ngiyazi ukuthi ungizwile, futhi ngiyazi ukuthi ungiphendulile, futhi ngiyazi ukuthi ngisindisiwe.²⁵ Futhi Ngiyabonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba ungiyala futhi ngingabe ngisona.²⁶

Ngemuva kwensindiso, uJESU wathi kubalulekile ukubhaphathizwa, ngokuphelele emanzini, egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya OYINGCWELE.²⁷ Ngenkuthalo fundisia iBhayibheli, wenze lokho elikushoyo.²⁸

USimakade ufunu utshele abanye ngensindiso yakho. Ungaba wumuntu

ohambisa ivangeli lezincwadi zikaMfundisi uTony Alamo. Sizokuthumelela izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i-imayeli ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa. Yabelana ngalomyalezo nomunye umuntu.

Uma ufunu umhlaba usindiswe, njen-goba eyala UJESU, ungamphangi uNKULUNKULU okweshumi kwakhe neminkelo. UNKULUNKULU wathi, "Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na?" Nokho niyangiphanga. Kepha nina nithi, "Sikuphange kanjani na?" Ngokweshumi nangeminikelo. Niqalekisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyangiphanga, sizwe sonke [naledizwe lonke]. Ngenisani konke okweshumi ['okweshumi']— u10% weholo lakho liphelele] enqolobaneni, ukuze kube khona inyama [nokudla okungokomoya] endlini YAMI. [Imiphefumulo iyasindiswa] Futhi niNgivivinye ngalokhu, usho uJEHOVA-SEBAWOTI, uma Mina angeke ngikuvulele amafasitela ezulu, futhi Ngithululele izibusiso kuwe, ngendlela yokuthi angeke ubenendawo eyaneleyo ukuzemukela endlini yakho. Mina Ngiyokhuza umushwabadi ochithayo ngenxa yakho, futhi ngeke achithe izithelo zomhlabathi wakho; nomvini wakho ngeke waphonsa izithelo zawo ngaphambi kwasikhathi endle, usho uJEHOVA-SEBAWOTI. Futhi zonke izizwe ziyokuthi nibusisiwe ngokuba niyakuba yizwe elijabulisayo, usho uJEHOVA-SEBAWOTI" (Malaki 3: 8-12).

¹¹ Math. 7:15-20, Jak. 3:11-12, IsAmb. 20:11-15, 21:7-8, 24-27, 22:11-12, 14-15 ¹² Shum. 3:19, Isaya 2:22 ¹³ Math. 28:18-20, Joh. 3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 ¹⁴ Dut. 4:29, 13:4, 26:16, Josh. 1:8, 22:5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb. 3:18 ¹⁵ Hez. 36:27, Rom. 8:1-14, Gal. 5:16-25 ¹⁶ AmaH. 51: 5, Rom. 3:10-12, 23 ¹⁷ Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1: 30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 ¹⁸ IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5: 9 ¹⁹ AmaH. 16: 9-10, Math. 28: 5-7, Mark.16: 9, 12, 14, Joh.2:19, 21, 10: 17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15: 3-7 ²⁰ Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 ²¹ Kor. 3:16, IsAmb.3:20 ²² Ef. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh1:7, IsAmb1:5, 7:14 ²³ Math. 26:28, IzE2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol 1:14 ²⁴ Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 25 Heb. 11:6 ²⁶ Joh.5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb.7:14, 22:14 ²⁷ Math. 28:18-20, Joh.3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 ²⁸ Dut. 4:29, 13: 4, 26:16, Josh. 1: 8, 22: 5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb 3:18

Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.

Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078

Inombolo yethu yocingo esebezena amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:

(661) 252-5686 • Fax (661) 252-4362

www.alamoministries.com • info@alamoministries.com

Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabenji jikelele, inikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidindo zempilo kubo bonke abantu, ezindaweni zethu eU.S; abantu abafuna ngempela ukukhonza uSimakade ngayo yonke inhliziyo yabo, umphefumulo, ingqondo namandla.

Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushayele ucingo

kulenombolo: (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO.

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, UMesiya, ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333 lba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalali siwezincwadi zikaMfundisi Alamo.

Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kukhona ozama ukukhokhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)

LEZI ZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).

MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.

Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.

Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration:

© Ishicilelwe Nhlanja 2013, 2015 ® Yabhalisa Nhlanja 2013, 2015 Onke amalungelo agodliwe uMfundisi woMhlaba uTony Alamo
ZULU—VOLUME 17400—THE ARMY AND AIR FORCE OF GOD (THE WATCHERS)